Incazelo mayelana nokusetshenziswa kwegama „uJehova“ njengebizo likaNkulunkulu

Iphepha elethulwa nguSobaba Mbhishobhi Emeritus Zulu eNgqungqutheleni yamaDoda eyayihlangene eShiyane Circuit (2006-7)

Thina maKristu sikhonza uNkulunkulu ka – Abrahama, noNkulunkulu ka – Isaka noNkulu nkulu ka- Jakobe; okunguyena ongumdali wezulu nomhlaba nowakho konke okubonakalayo nalokho esingenakukubona ngeso lenyama, njengoba sivuma kanjalo kuso isiVumo sethu senkolo saseNikheya (Nicene Creed). LoNkulunkulu wazambula kulendoda engu – Abrahama ongukhokho wesizwe samaJuda.

Njengoba sikhonza uNkulunkulu owazambula kuqala kuwo amaJuda kusemqoka ukuba sizibuze ukuthi wona kanye amaJuda esezwa ngaye ngaloNkulunkulu onguMninimandla onke, futhi onguMdali wezulu nomhlaba; athi loNkulunkulu ungubani. Izazi – ke eziphenye kabanzi ngeTestamente elidala nangomlando wesizwe sabaJuda ziyavumelana ngokuthi endulondulo uNkulunkulu ubebizwa ngokuthi ngu – **El** noma ngokuthi ngu – **Elohim.** Leli kwakuligama elijwayelikileyo likaNkulunkulu elisiqu salo sichaza onamandla amakhulu. Ngakho – ke lapha kusetshenziswe khona igama El noma Elohim eBhayibhelini lesiHeberu (okuyilona lulimi elalotshwa ngalo iTestamente eliDala) kwelesiZulu kusetshenziswe elithi uNkulunkulu. (Ngakho – ke, **El** = uNkulunkulu).

Kwahamba, kwahamba, uNkulunkulu ka – Israyeli (wabaJuda) wayesaziwa ngegama elaliyibizo lakhe (personal name; njengokuthi nje, uThokozani noma uJabulile) abasebembiza ngalo elilotshwa kanje; **YHWH** emaBhayibhelini olimi kwesiHebheru. Lokhu ukuthi ibizo kusho into efanayo nokuthi umfana wakwaMkhize ibizo lakhe nguMandla. Kakho namuhla onesiqiniseko sokuthi lezizinhlamvu ezine ezingongwaqa (Consonants) zaziphinyiselwa kuthiweni njengoba zingena nkamisa nje (vowels). Izazi zolimi lwesi Hebheru zithi cishe kwakuphinyiselwa kuthiwe **YAHWEH** noma **JEHWEH**. Lokhu kususelwa ekutheni phela kwezinye izingxenye zezwe eliNgcwele uNkulunkulu ubaziwa ngokuthi ngu – **YAH** noma ngu – JAH.

Izazi zomlando wokulotshwa kweTestamente eliDala zithi ukulotshwa kwalo kusukela emithonjeni (sources) emithathu egqamileyo okuyi **(1)Elohisi source (2) nePriestly source kanye (3)neYahwist source**. KUGenesise kusobala umthombo wendaba wendaba exoxwayo yilowo we Elohist ngesizathu sokuthi kuyoyonke lencwadi uNkulunkulu ubizwa nje ngo – EL noma ngu – **Elohim**. Igama elithi **YHWH** lize liqale ukuvela ku – Ekosodusi 3: 15 lapho uMose ubuza uNkulunkulu ukuthi uma ethi nguNkulunkulu wawoyise omthume kubantwana bakwaIsrayeli bese bebuza igama lakhe wathi uyothi ngubani igama likaNkulunkulu omthumileyo na? Impendulo kaNkulunkulu ithi: **NGiNGUYE ENGINGUYE** ngesiHebheru lokhu kuthi; **(‘ehyeh ‘aser ‘ehyeh)**. Lapha kusentshenziswa amagama asuselwa kwigama lesiHebheru eliyisenzo (verb).

Elithi; hayah elisho ubukhona **(to be)** noma ukwehlakala (to befall) uma uthanda futhi lingasho ukuphila uqobo lwakho. UNkulunkulu uqale achaze kanje kuMose ngaphambi kokuba asebenzise leli elithi **YHWH**. Lisho ukuthini igama elithi **YHWH** na? Incazelo yalo ikulo leligama elithi; **hayah** (ngikhona) noma kuyo impendulo kaNkulunkulu ethi; **ehyeh ‘aser ehyeh (ngiNguYe engiNguYe)**. Lapha sithola umqondo wegama lesiZulu elithi uSimakade noma ominjalo. Owayevele ekhona nokhona noyohlala ekhona. Leligama lichaza kangcono kakhulu lokho

isiHebheru esikushoyo ngegama elingabizekiyo elithi **YHWH.**

Izazi zomlando weTestamente elidala ziyavumelana ngokuthi igamaelithi **YHWH** laqala ukusetshenziswa ngesikhathi sikaMose. Uma uNkulunkulu ethi kuMose kabhale umyalelo othi ungaliphathi ngeze igama lika **YHWH** uNkulunkulu wakho. Kwabe sekuqala umkhuba wokuba abapristi bakwenqabele ukuphinyiselwa noma ukugagulwa kwegama likaNkulunkulu elithi **YHWH** lapho kufundwa izwi esinagogeni nasethempelini ukuze igama likaNkulunkulu lihlale lihloniphekile. Njalo lapho ofundayo efika kuleligama elithi **YHWH** ubeyaye afunde ukuthi; adonai okusho ukuthi iNkosi ngesiHebheru.

Yilokhu – ke izazi ezithi kwenza kugcine sekulahlekile ukwazi ukuthi kakadeni lalikade libizwa kanjani leligama likaNkulunkulu elithi **YHWH** na? Ngesikhathi sekutolikwa iTestamente elidala liya olimini lwesiGreki ukuze kusizakale amaJuda ayesekuhlakazekeni (in the Diaspora) ngesihumusho esaziwa ngokuthi yi**Septuagint** igama elithi **YHWH** alibange lisangena nhlobo kulesisihumusho kodwa sona savele sanamathela ekuhumusheni u – Adonai sathi Kurios.

Ngesikhathi sikaKristu kukhanya ukuthi lalingasetshenziswa mpelampela leligama elithi **YHWH** ngoba eTestamente Elisha lapho kucashunwa khona ezincwadini zeTestamente elidala kusetshenziswa elithi iNkosi **(Kurios** ngesiGreki noma adonai ngesiHebheru). Bheka kuLuka 4:18-19; Hebheru 1:10 nakwezinye izindawo.

Ababhali bezincwadi zeTestamente Elisha bonke abangabaJuda , kabedukeli nangengozi kuleligama elithi **YHWH** nxa befundisa iBandla likaKristu indaba kaNkulunkulu noKristu wakhe, kodwa kunalokho bathi; “ngokuba alikho elinye igama elinikiwe ebantwini esingasindiswa ngalo” (Izenzo 4:12) besho igama likaJesu.

Livele kanjani pho leligama elithi Jehova na? Leligama livele ngenkathi ababhali abathiwa ngamaMosoretes bethatha onkamisa begama elithi adonai elalibuye futhi libhalwe ngokuthi eDonai ababebhalwa ngenhla kwegama elingabizeki elithi **YHWH** ukukhumbuza ofundayo ukuba afunde athi adonai esikhundleni sokuba agagule igama elingcwele likaNkulunkulu. Ekufakweni kwalabonkamisa egameni elithi **YHWH,** kwabe sekwakheka igama elithi YeHoWaH noma **YEHOVAH,** kumbe **JEHOVA**. NgesiLatini uY no J kuyefana kanti no W no V kuyefana.

Abaningi – ke basuke bacabange ngephutha ukuthi, ukuthi Jehova hleze indlela yesiZulu yokuthi **YHWH** noma **YAHWEH,** kanti qha kwakungukuqagela nje. Izihumusho eziningi zeBhayibheli kuqala ngesikaMartin Luther ne Vulgate ka St.Jerome ebhalwe ngesiLatini azilokothi zisebenzise igama elithi Jehova. Zisebenzisa elithi **Lord** noma iNkosi noma **Domine** (Latin). Isihumusho esinconywa yizo zonke izizinda zokufundisa izifundo zenkolo zamaLuthela kanye namaKerike amaLuthela esithiwa yi – Revised Standard Version (RSV) sithi emazwini aso okwandulela.

“Lapho kusetshenziswe igama elingcwele likaNkulunkulu elithi **YHWH** ngesiHebheru thina sikhethe ukusebenzisa elithi **“Lord”** njengomkhuba wabakwa - Israyeli kusukela phambili kakhulu kokuzalwa kukaKristu. Siligwemile igama elithi “Jehova” ngesizathu sokuthi noma singeqinisekise ukuthi **uYHWH** wayephimiselwa ngokuthi **YAHWEH** yini, kodwa singaqinisekisa nokho ukuthi **“Jehova”** kuliphutha eliphindiwe. Futhi silandela imfundiso thina maKristu esiyithathe kwabakwa – Israyeli yokuthi munye uNkulunkulu kakho futhi omunye (there is no other God but God) ngakho – ke kasikho isidingo sokubalula uNkulunkulu ngegama elithile kube sengathi senzela ukuba angadidaniswa nabanye oNkulunkulu, bese nathi sesishaya sengathi bakhona kanti kabekho

ngaphandle kwakhe kuphela.”

No – ELCSA wemukela lesisihumusho IRSV nje ngesisemthethweni weKerike ngakho – ke empeleni nasezincwadini zenkonzo zika ELCSA kalisethsenziswa ndawo leligama elithi; “Jehova” ngaphandle kwesiZulu. Zonke izihumusho zencwadi yeNkonzo ka – ELCSA ziyaligwema leligama. EzesiSotho nesiTswana zona zithi **“MORENA”** amaSwazi namaXhosa nawo ayaligwema kanjalo nabasebenzisa isibhunu base – Cape Orange Diocese nabo bathi **“Heer”** okungu kuthi **“Nkosi”.**

Nanxa igama elithi “Jehova” liyiphutha njengoba sesikhombisile ngenhla, kodwa nokho sithi selaphenduka igama uNkulunkulu abizwa nasaziwa ngalo ikakhulu kuleli lakithi ngephutha lotolika abatolika iTestamente eliDala basebenzisa leligama ngoba nje lalisemfashinini yeTheology yangalezonsuku eYurophu ikakhulukazi e – Norway kusukela ngasekuqaleni kweminyaka yawo 900. Kwathi lemfashini isidlulile labuye layekwa njengoba lingasekho nje eNorway. EJalimane kalikho. eSwidini kalikho kumaLuthela aseMelika kalikho ; kuLWF wonke yithi kuphela abasonta ngesiZulu abasebenzisa leligama ezinkonzweni zesiZulu nathi kasilisebenzisi uma siziqhuba ngesiNgisi ngani na uma sililwela kangaka na?

Sithi – ke njengoba ngalo iphutha u”Jehova” sekwaba yigama (name) likaNkulunkulu uYise, limelwe ukugwenywa lihlonishwe eBandleni likaNkulunkulu . Uma uNKulunkulu enguNkulunkulu kumaKristu ufanele ukuhlonishwa kakhulu kunoyise bababntwana babantu bona abangabizwa zingane zabo nangomkabo nomalokazana babo ngamagama abo njengomkhuba omuhle wenhlonipho yesiZulu. Simedelelelani uNkulunkulu ngokuvuma ukuba - yena elakhe igama ligagulwe kepha thina silwe uma kugagulwa awethu amagama na?

Sithi – ke uNkulunkulu nguSomandla okungegama Elisha esimqambe lona kodwa elingelinye elichaza ubunjalo bukaNkulunkulu wethu. Kalifiki manje lelogama kodwa likhona eBhayibhelini yingakho ngesiHebheru kuthiwa **(El Shaddai okungukuthi God Almighty** noma uNkulunkulu uSomandla noma uMninimandla onke). Baqinise kakhulu futhi abathi uSimakade ngoba – ke lokho kuchaza ngqo ingqikithi ka – **YAHWEH** njengoba sichazile ngenhla. Nokho uSomandla simsebenzisa ngoba uma sihlabelela amaHubo (Psalms) izinhlamvu zegama elithi; “Jehova” ziyalingana nezalelo elithi; **“Somandla”,** ngakho – ke uma kuhlatshelelwa akuphambani kuxabane kakhulu.

Presented by Bishop emeritus S.P.Zulu at Shiyane Circuit Men’s League Conference 2006-7

© Bishop emeritus S.P.Zulu